## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ekuleli khasi ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

2. Ungayifundi yonke imibuzo ekuleli phepha. Bheka OKUQUKETHWE ekhasini elilandelayo bese umaka izinombolo zemibuzo yezincwadi ozifundile kulo nyaka. Ngemuva kwalokho funda le mibuzo bese ukhetha imibuzo ezincwadini EZIMBILI ozophendula ngazo.

3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINE:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Inoveli | (35) |
| ISIQEPHU B: | Umdlalo | (35) |
| ISIQEPHU C: | Izindaba ezimfishane | (35) |
| ISIQEPHU D: | Izinkondlo | (35) |

4. Phendula imibuzo EMIBILI kuphela, umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.

   ISIQEPHU A: INOVELI
   Phendula umbuzo ngenoveli EYODWA oyifundile.

   ISIQEPHU B: UMDLALO
   Phendula umbuzo ngomdlalo OWODWA owufundile.

   ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE
   Phendula imibuzo ngazo ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihlolwayo.

   ISIQEPHU D: IZINKONDLO
   Phendula imibuzo ngezinkondlo EZIMBILI ezibuziwe.

5. Sebenzisa uhlu lokubheka imibuzo ephenduliwe ('checklist') ukubheka ukuthi ukhethe ngendlela efanele yini.

6. Landela imiyalelo esekuqaleni kwesiqephu NGASINYE.

7. Bhala izinombolo njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.

8. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

9. Qikelela ukusebenzisa isikhathi esicishe sibe imizuzu engama-60 esiqeshini ngasinye.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

**OKUQUKETHWE:**

Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula ngaphandle kokufunda yonke imibuzo.

| IZINOMBOLO ZEMIBUZO | AMAMAKI | IKHASI |
|---|---|---|
| **ISIQEPHU A: INOVELI** | | |
| **Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.** | | |
| 1. *Kusinda Kwehlela Endodeni* | 35 | 5 |
| 2. *Umshado* | 35 | 7 |
| **ISIQEPHU B: UMDLALO** | | |
| **Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.** | | |
| 3. *Ababulali Benyathi* | 35 | 10 |
| 4. *Isiko Nelungelo* | 35 | 13 |
| **ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE** | | |
| **Phendula imibuzo kuzona ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihloliwe.** | | |
| 5.1 'Ingoduso' | 17 | 17 |
| 5.2 'Mhla Liduma Laduma' | 18 | 18 |
| **ISIQEPHU D: IZINKONDLO** | | |
| **Phendula imibuzo YOMIBILI kulesi siqephu.** | | |
| 6.1 'Ngiyogiya Ngiqephuze' | 17 | 20 |
| 6.2 'Lobu Bungani Ngiyabuhlonipha' | 18 | 21 |

## UHLU LOKUBHEKA IMIBUZO EKHETHIWE ('CHECKLIST'):

| ISIQEPHU | IZINOMBOLO ZEMIBUZO | IMIBUZO EPHENDULIWE | THIKHA UMBUZO OWUKHETHILE (✓) |
|---|---|---|---|
| A: INOVELI | 1–2 | 1 | |
| | **NOMA** | | |
| B: UMDLALO | 3–4 | 1 | |
| | **NOMA** | | |
| C: IZINDABA EZIMFISHANE | 5 | 1 | |
| | **NOMA** | | |
| D: IZINKONDLO | 6 | 1 | |

**QAPHELA:** Qiniseka ukuthi uphendula imibuzo eziqeshini EZIMBILI kuphela.

## ISIQEPHU A: INOVELI

## UMBUZO 1: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA A

'Uyabona-ke mfo kaMchunu usuzoba nezitha lapha efemini ezizoba namazwi aziswana. Bazokubuza ukuthi wenzani usukhushulwa masinyane kangaka. Uzothi ungazelele nje ubhuqwe ubizwe ngempimpi kube njeya. Uyobe unenhlanhla uma benganyumbazanga. Nanku-ke lo mshini. Ufanele ukuba uyakhumbula ukuthi sathi usebenza kanjani.' Wamkhombisa-ke ukuthi usebenza kanjani maqede behlukana.

Esitimeleni ntambama sebeya ehositela uManyoba uxoxa noDoda umfowabo abakhonzene kakhulu ngisho nangasemakhaya abehlukani, amathe nolimi; 'Cha! Ndabezitha ngithi angikutshele ukuthi sengizosebenza emshinini lo ongasemnyango omncane ophumela emahhovisi ezinduna, kusukela kusasa lokhu ungaze ungilamele ngingakutshelanga. Kuthe nje mathambama ngazobizwa induna yathi ngibizwa nguNdabazabantu. Ngethuke kwabanda kwamancane. Ukube bekukhona ebengikwazi okungalungile ngabe ngicele ukuhamba ngingakayi ngisho nakulelo hhovisi, kwazise phela akumnandi neze ukuxoshwa liyoshona.'

'Ithi induna ubizelwani na? Mina ngiyazi ukuthi ikuthanda kanjani ukubona umuntu exoshwa. Uyamazi uMpunzi wakwaMathonsi? Waxoshiswa yiyona induna le. Uze ubone sengathi umuntu uyayizonda nje, yingoba iyona exoshisa abantu efemini.' Aqhubeke-ke uManyoba.

'Cha mnawethu! Ingibonile ukuthi ngethukile, yathi ngingethuki ilethe izindaba ezimnandi; **ehla amaphaphu**. Sihambile-ke saya kuNdabazabantu sengingconywana kodwa-ke ngithanda ukukutshela ukuthi ngangithi induna **isenga ezimithiyo** kanti iqinisile anginacala.'

1.1 Ubani lo abaxoxa ngaye oManyoba kulesi siqephu esingenhla? (1)

1.2 Bhala uhlobo lwesithuthi abahamba ngaso laba abaxoxayo. (1)

1.3 Yiziphi izindaba ezimnandi uManyoba azitshela umfowabo kulesi siqephu? (2)

1.4 Chaza kafishane ukuthi yini eyenza abantu bangayithandi induna emsebenzini. (2)

1.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo.

Isimo sokukhuluma esithi: '**ehla amaphaphu**' sisho:

A Ukukhathazeka
B Ukuncoma
C Ukukhululeka
D Ukuwa (1)

1.6 Yimuphi umlingiswa ongabalulekile kulaba abaxoxayo kulesi siqeshana? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

1.7 Tomula amazwi/amagama asesiqeshini agcizelela ukuthi uManyoba wayezwana kakhulu nalo mfowabo axoxa naye. (2)

1.8 Chaza kafishane ukuthi wayebancishelani uManyoba abantwana bakhe ifa? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

1.9 Nikeza amaphuzu AMATHATHU afakazela ukuthi umuzi kaManyoba wawusendaweni yasemakhaya. (3)

1.10 Chaza ukuthi abalingiswa abalandelayo bangabantu abanjani? Bhala amaphuzu AMABILI ngomlingiswa ngamunye:

1.10.1 UMduduzi

1.10.2 UFanyana (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA B**

'Bafowethu mina ngisamile ekutheni asibathathe sihambe nabo ukuze singangabazi ukuthi abalambile futhi bagcineke kahle besemehlweni ethu ngaso sonke isikhathi. Obani abahambisana nami kulo mbono?' kubuza uMjwayeli. 'Niyithini indaba yamakhosikazi ethu ngoba yinto eyaziwa yinoma yimuphi umuntu ukuthi izinkunzi ezimbili azihlali esibayeni sinye. Nginamanga bafowethu?' kubuza uMduduzi.

'Nithini kule nto eshiwo umnewethu na? Yingakho nje mina ngithi asibalethele ukudla, omama bohlala bengahlushwa muntu lapha ekhaya. Bafowethu isikhathi sihambile sikhuluma le ndaba.Khiphani isinqumo esizokwenza sikwazi ukuphendula noma esizolungisa lesi simo esibhekene naso,' kubuza uFanyana.

'Yiqiniso elimsulwa leli elishiwo umnewethu. Amakhosikazi anamuhla awasahloniphi, azoxabana nabazali bethu bese kuba khona ukungezwani endlini ngoba nizosuke nivune amakhosikazi enu noma kuyiwona anochuku. Uma kungenjalo uzovuna umzali kanti uyena owonile. Yimpicabadala le enicabanga ukuthi asiyenze. Bengithi anginiqwashise nje angisho ukuthi akungenziwa lokhu enikushoyo,' kubeka uMduduzi.

'Asibathatheni bafowethu. Obani abavumelana nami? Phakamisani izandla sibone. Ningesabi akekho ozokusola ngoba siyabonisana,' kuphawula uMjwayeli.

UBheki asiphakamise maqede athi kuMduduzi, 'Phakamisa!' Aphakamise bese kuba sobala ukuthi uFanyana uyehlulwa yivoti.

'Sal' usuvumelana nathi. Nawe uyazibonela nje ukuthi akekho ovumelana nombono wakho,' kusho uMjwayeli.

1.11 Nikeza izizathu EZIMBILI ezazenza uMjwayeli angahambisani nokuthi balethele abazali babo ukudla njalo ekupheleni kwenyanga. (2)

1.12 Yibaphi abalingiswa ababili kulesi siqeshana abasekela uMjwayeli embonweni wokuba abazali bathathwe bayohlala nabo emizini yabo? (2)

1.13 Ithini indikimba yale noveli? Sekela ngephuzu ELILODWA. (2)

1.14 Chaza udweshu olutholakala kulesi siqeshana ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.15 Ngokucabanga kwakho kungumbono omuhle yini ukuthi abazali bahlaliswe ekhaya labantu abadala uma sebegugile? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

1.16 Ukuba wawunguMaNene yini owawungayenza ukuze ube nesiqiniseko sokuthi umamezala wakho uzizwa emukelekile emzini wakho? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.17 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi bonke omakoti bayabazonda omamezala babo? Sekela impendulo yakho ngokwenzeka endabeni. (2)
**[35]**

**UMBUZO 2: *UMSHADO* – N Zulu**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA C**

'Konje singase sishade nini Bheki?'
'Ekupheleni konyaka; ngoDisemba.'
'Ukuthi ngifuna ukusheshe ngenze amalungiselelo.'
'Sizoxoxa ntambama ngaleyo ndaba.' Yaqhamuka imoto ahamba ngayo uTholi.
'Uzofika ntambama?'
'Ngizofika kodwa ngisheshe ngihambe Tholi.'

Kwaba ukwehlukana kwabo ngaleyo nkathi. UBheki naye waqonda emsebenzini. Kwathi noma engabaza, uthando lukaTholi waluzwa luvuka luma ngezinyawo. Wafisa sengathi ngabe sekuntambama. Uvalo lwabuye lwamuthi heqe ecabanga ngoLindiwe. Konje uma uTholakele engase ezwe ukuthi kukhona uLindiwe, angenzenjani? Yamphatha kabi le nto uBheki.
'Kodwa ngizothatha bani manje? ULindiwe noma uTholi?'
Wayekhuluma yedwa ezibuka engenampendulo. UTholi wayemethusile ngalo mngani womlungu.
'Konje ngingamxosha kanjani lo mlungu?' Yayingekho futhi impendulo yalo mbuzo ayezibuza wona uBhekani.
Wazethuka esengaphakathi esikoleni. Wathi esahamba ibangana egcekeni wahlangana noSifiso.
'Ubani lo ovakashele kini Bheki?'
'Umngani kamama nje loya.'

'Omncane kangakaya?'
Akaphendulanga uBheki, wethuswa ukuzwa ukuthi kanti uSifiso wayazi ukuthi kukhona uLindiwe. Waxakeka ukuthi uyithole kanjani le ndaba.

'Sengathi ngiyayazi le ntombi engiyibone kini izolo Bheki.'
'Awuyazi. Eyakude kabi.'
'Akusiye uLindiwe?'
Kwavele **koma amathe** kuBheki. Wagwajaza. Wezwa izithukuthuku zimfoma kancane ebusweni. Wabona ukuthi into engcono akamshiye uSifiso lo. Nempela wenza kanjalo.

2.1 Amalungiselelo ani lawa okukhulunywa ngawo kulesi siqephu? (1)

2.2 Yisiphi isizathu esenza uBhekani angamthandi umngani womlungu? (2)

2.3 Ngokwalesi siqephu yini eyayenza uBhekani ashaywe uvalo uma ecabanga ngoLindiwe? (2)

2.4 Qedela ngegama elifanele.

Igama elisesiqeshini elisho umjuluko lithi ... (1)

2.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo.

Isimo sokukhuluma esithi: 'Kwavele **koma amathe** kuBheki', sisho ...

A ukulamba.
B ukwethuka.
C ukudideka.
D ukoma. (1)

2.6 Tomula umusho esiqeshini osikhombisa ukuthi uSifiso uyazi ukuthi kukhona uLindiwe kubo kaBhekani. (2)

2.7 Wayeyokwenzani uTholakele kubo kaBhekani mhla kukhona uLindiwe? (2)

2.8 Ithini indikimba yale noveli? Sekela ngephuzu ELILODWA. (2)

2.9 Chaza ukuthi abalingiswa abalandelayo bangabantu abanjani. Bhala amaphuzu AMABILI ngomlingiswa ngamunye.

2.9.1 UZenze (2)

2.9.2 ULindiwe (2)

2.10 Le ndaba yenzeka endaweni yasedolobheni. Fakazela ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

**KANYE**

**ISIQESHANA D**

'Kodwa ukhona umuntu wesifazane ongadayisa insangu?'
'Kusetshenzwa imali mfana wami lapha eNyawushane. Lo wakho-ke yena kuthiwa unomlungu wakhe omqoqela amakhasimende amhlophe.'
Akhexe umlomo uBheki. Kuthi akaphindele emuva ayobuza uTholi ngalezi zinto. Akhumbule ukuthi konje ufike ehluleke. Kuphenduleke umbuzo wakhe ahlale ezibuza wona njalo wobungani bukaTholi noPamella.

'Ngiyazi ukuthi ayikho into ongabe usayenza manje. Ngicela into eyodwa nje zwi Bheki. Uma lo mfelokazi efuna ukuzogana lapha, mtshele ahlukane nayo yonke le mikhuba ayigilayo. Uma eza nalezi zinto zakhe lapha, uyosonteka intamo afe nohlangothi. Awadlali amadlozi alapha ekhaya.'

Ethuke kakhulu uBheki uma ezwa unina ekhuluma kanje. Athi esathi ufuna ukuphendula aqhube unina: 'Uma idlozi limcasukele kakhulu mfana wami, ngeke nishade ngisho ukushada kodwa lokhu.'
Abone uBheki ukuthi kufuneka aqunge isibindi abhekane ngqo noTholi. Avalelise kunina. Asuke lapho aqonde endlini ayophumula. Imicabango ihlale phezu kwakhe. Azitshele ukuthi noma kunzima kodwa ayikho into ezomvimba ukuba ashade noTholi. Akakwazanga nokulungisa kahle umsebenzi wesikole ngalelo langa uBheki. Wabe esathe ubhala lokhu enze iphutha. Athi ulungisa ngapha konakale ngakwenye ingxenye. Kubuye kufike umqondo othi akazame isu lokuyekisa uTholi utshwala.

2.11 Tomula umusho esiqeshini ositshela ukuthi umama kaBhekani uyakholelwa emadlozini. (2)

2.12 Xoxa ngodweshu lwangaphandle olwaba khona phakathi kukaBhekani noBhatomu ngesikhathi uBhekani ebuya esibhedlela ukuyovakashela uTholakele. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.13 UBhekani ungumlingiswa ongathembekile kwezothando. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.14 Ubukhona bukaSifiso eduze kukaBhekani kwaba usizo kakhulu empilweni yakhe. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.15 Ukuba wena wawunguBhatomu wawungakujabulela yini ukungena umuntu ofana noTholakele? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.16 Ucabanga ukuthi yayiyoba njani impilo kaBhekani ukuba waqhubeka nokushada noTholakele? Sekela ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

2.17 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi bonke abantu abahlala eNyawushane banodlame? Sekela impendulo yakho ngokwenzeka endabeni. (2)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

## ISIQEPHU B: UMDLALO

### UMBUZO 3: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA E

*(Emzini wenkosi, uShandu. Inkosi izixoxela nomkayo uMaNgema. Bahleli endlini yokuphumula.)*

SHANDU: Waze wasiyala uHulumeni ngale mithetho yakhe esikhweza abafokazana emakhanda amakhosi.

MANGEMA: Uqinisile baba. ODuma abasazikhohliwe bengamakhosi. Ngempela uDuma ungekhohlwe sekunguye inkosi kule ndawo. Kukhona nabantu **asebemkhulekela**. Eqinisweni nje, lo Hulumeni wayecabangeni nje aze ashaye umthetho onje?

SHANDU: (*Ubuso buhwaqabala*) Kwakunani nje ukuthi bavotise abasemadolobheni kuphela? Thina makhosi basivikele ngokushaya umthetho othi masifundiswe ngokusebenzisana nabantu ekuletheni intuthuko. Buka nje manje, abantu sebenezimpawana zokuhlukana phakathi. Kukhona asebengibuka **njengento engathi shu**. Abanye bazonda uDuma egameni lokuthi usethathe isikhundla sami engasinikwa uMvelinqangi kanye nobabamkhulu.

MANGEMA: (*Ahebeze ngezandla sakuphika*) Cha! Cha! Noma ngabe lo mthetho ushaywe ePitoli noma eKapa inkosi iyohlale iyinkosi. Angifundile okuyaphi kepha ngiyazi ukuthi ngaphambi kokushaya umthetho, kudingeka kube nocwaningo. Phela kumele bacwaninge ngosikompilo lwama-Afrika kuqala ze bakwazi ukushaya umthetho ongachithi okukhona ngoba bakwethu, kuse-Afrika lapha.

SHANDU: (*Aneke izandla sakuzivula, okukaMfundisi eshumayela*) Ngivumelana nawe MaNgema. Uyazi kuyasho ukuthi walunguza esikoleni. Futhi-ke nje akukhona ukulunguza ukufunda uze ube nguthisha. Phela uhleli nje ungafundisi ngoba yimi kanye nobaba esanquma ukuba ube yinkosikazi yenkosi egcwele. Wawungeke ube yiyo egcwele ube ufundisa. Cabanga nje inkosikazi yenkosi idelelwa yizingane zabafokazana. Okubi kakhulu-ke nawe utholakale ulawulwa nguthishanhloko ongumfokazana. Buka nje, thina lapha emakhaya sinazo izinhlaka zobuholi eziphelele. Ngikhona mina futhi nezinduna zesigodi zikhona. Kwakunani-ke bangaqeqeshi lobu buholi obuvele bukhona?

3.1 Ngobani laba bafokazana ethi inkosi uShandu uHulumeni ubakhweza phezu kwekhanda layo kulesi siqephu? (2)

3.2 Iyiphi le ndlela yokubusa ehlukumeza umndeni wenkosi uShandu? (1)

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha



KWAZULU-NATAL

M5

3.3 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo. Igama elibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo lisho ukuthini:

Kukhona nabantu **asebemkhulekela**.

A Asebemthandazela
B Asebemthanda
C Asebemdelela
D Asebemkhothamela (1)

3.4 Ngokusho kukaMaNgema yini okwakufanele ayenze uHulumeni ngaphambi kokushaya lo mthetho abakhuluma ngawo kulesi siqephu? (2)

3.5 Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile njengoba sisetshenzisiwe kulesi siqeshana.

Kukhona asebengibuka **njengento engathi shu.** (2)

3.6 Ukusebenzisana kukaMaShezi noMaNgema ukuletha ukuthula endaweni kusivezela muphi umqondo ngabantu besifazane? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

3.7 UMaNgema wabe efundele muphi umsebenzi? (1)

3.8 Nikeza izizathu EZINTATHU ezenza inkosi uShandu yayekisa uMaNgema ukufundisa ngokwalesi siqeshana. (3)

3.9 Isigameko sokuqhumisa isibhamu eduze komuzi kaDuma saba namthelela muni kuMaShezi? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

3.10 Yimuphi umyalezo owethulwa umbhali ngalo mdlalo? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

3.11 Ngubani ongummeleli kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)

**KANYE**

## ISIQESHANA F

*(Emzini wenkosi. Sekuhwalele. Inkosi ixoxa nomkayo uMaNgema, bahleli endlini leyo yokuphumula.)*

SHANDU: (*Ithukuthele kodwa nokudumala kuyabonakala kuyo*) MaNgema, le nto iyadlondlobala nakhu-ke manje sekuboshwe nenduna yami.

MANGEMA: (*Udumele*) Baba, uqinisile uma uthi lolu daba luyadlondlobala. Ngempela luyabhebhetheka. Konke lokhu kudalwa yinkani yaleli khansela. Uyadelela ngempela lo muntu ndini. Uthi abantu mabenze njani uma ebiza imihlangano engakwazisile? Hawu! Waze wasiyala lo Hulumeni ngokungawaqeqeshi amakhansela akhe. Wake wezwaphi nje ukuthi umuntukazana uke abize isizwe senkosi ngaphandle kokwazisa inkosi ebusa kuleyo ndawo. Nayo intando yeningi angiboni ukuthi ingakuvuma lokho.

SHANDU: Uthole into emfanele uMbandlwa ngoba nguye okufanele adodise ikhansela lakhe. Uyabona-ke mina sengizoliqinisa elami ikhanda. Bengimethemba lo mfana wakwaMbandlwa.

MANGEMA: Baba ungamethemba kanjani umuntu oyimpohlo? Wake wezwaphi ukuthi abantu bangaholwa yimpohlo? Yazini impohlo? Okunye nje lokhu okubhidliza isizwe. Thina maZulu asimbeki umuntu oyimpohlo esikhundleni.

SHANDU: Angithi yintando yeningi nje. (*aneke nezandla*) Kudingeka ngiye enkantolo ngoMsombuluko khona ngizobheyila uDlamini uma kudingeka.

MANGEMA: Baba, umthintile nje ummeli uSidamba?

SHANDU: MaNgema! Leyo yinto engiyenze kuqala ngesikhathi ngizwa eyokuboshwa kukaDlamini. Uyazi mina ngithandazela ukuthi kungasuki umbhedukazana endaweni yami. Phela sekungenzeka kubuye udlame njengoba lunjalo.

3.12 Iyiphi le nto inkosi ethi yatholwa nguMbandlwa ngenxa yokungalidodisi ikhansela lakhe ngokwalesi siqeshana? (1)

3.13 Kwaba namthelela muni ukubekwa kwekhansela kule ndawo? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

3.14 Yikuphi okuyisisusa sodweshu ngokwalesi siqeshana? Bhala iphuzu ELILODWA. (1)

3.15 Phawula ngesigameko esiwuvuthondaba lwalo mdlalo? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha



Pheqa ikhasi

3.16 Ngokubona kwakho ubani owabhebhethekisa udlame kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (3)

3.17 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi abantu abangafundile bavamise ukuthatha izinqumo ezinamaphutha? Sekela ngokubhekisa encwadini. (2)

3.18 Qondanisa IKHOLOMU B neKHOLOMU A.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 3.18.1 Ikhansela | A Ubuholi bendabuko. |
| 3.18.2 Ukuvota | B Awayibeki impohlo sikhundleni. |
| 3.18.3 Izinduna | C Libhebhethekisa udlame. |
| 3.18.4 AmaZulu | D Intando yeningi. |

(4 x 1) (4)
**[35]**

**UMBUZO 4: *ISIKO NELUNGELO* – N Zulu**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA G**

*(Emzini kaMondise, uNondumiso noThenji bayaxoxa endlini.)*

THENJIWE: Uyizwa ngobani le ndaba sisi?

NONDUMISO: UMaMbatha phela ubelayeza kubo bonke abantu. Cabanga-ke ethi angotshelwa ukuthi **uzungu engangilubophile** luphumelele. Kodwa wena uDumisani usumgwazelani?

THENJIWE: Akagwazwanga yimi. Ugwazwe uSipho ethi uyangilamulela.

NONDUMISO: *(Ahleke)* Kanti uMaMbatha unjani? Abantu bazi ukuthi uwena ogwaze uDumisani.

THENJIWE: Lapha ekhaya wathi ngimthengele izigebengu.

NONDUMISO: Uphi pho njengamanje yena?

THENJIWE: Kusho ukuthi ulimele ngoba ngizwe bethi usesibhedlela. Ubaba ubethi angiye esibhedlela, ngenqaba ngaphetha.

NONDUMISO: Basayiqhuba eyokuthi mgane emva kwalesi sehlakalo?

THENJIWE: Bayayiqhuba impela. Baze bagcizelele ngokuthi njengoba **sengimenze isigoga** nje sengimgane kunye.

NONDUMISO: Ungavumi uyezwa? Ungavumi ngisho kuthiwa bazama ngaliphi isu. Batheni omama sebebuya esibhedlela?

THENJIWE: Asibange sisaxoxa. Bavuke ekuseni bahamba.

Kabashongo ukuthi bayaphi. Angazi-ke noma kuyiwe kubo kaSipho noma kubo kaDumisani.

NONDUMISO: Uma bengabonanga ukuthi lesi senzo siveza kahle ukuthi awumfuni uDumisani, bayobe bazimpumputhe.

THENJIWE: Uyazi nami kade ngicabanga ukuthi uma beloku bengiphoqelela, kuza okukhulu kunalokhu.

Banqabelani nelungelo lami?

NONDUMISO: Nami ngiyaxakeka. Kunini ngibatshela ukuthi izikhathi zamalungelo zithi umuntu ukhululekile ukwenza akuthandayo. Kodwa uthi basayophinde bezwane uSipho noDumisani?

THENJIWE: Angiboni. Uyazi ngesaba ukuthi uma uDumisani esinda, uyothenga izigebengu zenzakalise uSipho.

4.1 Bahlobene kanjani oThenjiwe noNondumiso? (1)

4.2 Iyiphi le ndaba abakhuluma ngayo kulesi siqephu? (2)

4.3 Wayizwa ngobani le ndaba uNondumiso? (1)

4.4 Chaza ngamaphuzu AMATHATHU ukuthi uThenjiwe wakukhombisa kanjani ukungahambisani naleli siko abamphoqelela ngalo. (3)

4.5 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo.

Isimo sokukhuluma esithi: '**uzungu engangilubophile**' sisho ukuthi ...

A amanga engawaqamba.
B umthwalo engangiwubophile.
C isono engasenza.
D isu elibi engangilicabangile. (1)

4.6 Yisiphi isizathu esenza ukuba uMondise angavumi ukuthi uThenjiwe abuye ekhaya uma abakwaZungu bemphoqa ukuba angenwe nguDumisani? (2)

4.7 Yimuphi umusho osesiqeshini osikhombisa kafishane ukuthi uNondumiso weseka uThenjiwe kulesi sinqumo sakhe sokwala isiko lokungenwa? (2)

4.8 Ucabanga ukuthi uThenjiwe wayenqabelani ukuyobona uDumisani esibhedlela? (2)

4.9 Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile njengoba sisetshenzisiwe endabeni:
Baze bagcizelele ngokuthi njengoba **sengimenze isigoga** nje sengimgane kunye. (2)

4.10 Yimuphi umyalezo owethulwa umbhali ngalo mdlalo? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

4.11 Ngubani ummeleli kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)

**KANYE**

## ISIQESHANA H

*(KwaZungu. Kufika uNondumiso uzobona uThenjiwe.)*

MAMBATHA: Uzofunani-ke lapha wena?

NONDUMISO: Ngivakashele usisi.

MAMBATHA: Angithi le ngane inenkani nje nguwena?

NONDUMISO: Cha usebenzisa ilungelo lakhe, kwaphela nje.

MAMBATHA: Angisakufuni lapha emzini wami. Sesihlupheke kakhulu.

NONDUMISO: Ayikho into enihluphayo. UThenjiwe kufuneka animangalele nje kuphela. *(Kufike uThenjiwe)*

THENJIWE: Sekwenzenjani nakhulumela phezulu? Unjani ngane yakwethu?

NONDUMISO: Kuyabheda Thenji. Asihlale lapha phansi komthunzi sixoxe. *(Abheke kuMaMbatha)* Sicela usishiye kancane mama.

MAMBATHA: Usheshe uhambe, umakoti uyasebenza. *(Abashiye)*

THENJIWE: Nixatshaniswa yini nobaba?

NONDUMISO: Indaba yakho. Uthi ubaba yimi engikwenqabela ukuba ugane uDumisani. Wangisho wangisho phambi kukababa wezingane.

THENJIWE: Cha abantu abavela namasiko basibulala.

NONDUMISO: Ugogo uthi ufuna ukukubona Thenji. Uyazi ukuthi uthini? Uthi ngabe usefile njengoba egula nje, inkinga uwena.

THENJIWE: Hhi, ngiyinkinga kanjani?

NONDUMISO: Uthi phela uyoshona mzukwane ugana uDumisani.

NONDUMISO: Mhlawumbe ubaba uzofika ezokulanda ntambama kuyiwe kugogo. Uyizwile indaba kaSipho?

THENJIWE: *(Ethuka)* yiphi futhi?

NONDUMISO: *(Abeke isandla emahlombe kaThenjiwe)* Uyazi bengithi usuzwile Thenji.

THENJIWE: Uphumile yini ejele.

NONDUMISO: Ephuma kanjani? *(Athi ukuthula. Ngezwi lokukhala.)* Usho … ni … le.

THENJIWE: *(Abhekise phansi ikhanda. Afihle amehlo ngezandla.)* Hawu ngomngani wa … mi. Bathi bekwenzenjani?

NONDUMISO: Yilokhu aboshwa impilo yakhe ayizange ibe nhle. Thula Thenji. *(Embambatha)*

4.12 Ngokwalesi siqeshana yini ebambe ugogo ukuthi angashoni? (1)

4.13 Ukushona kukaSikhumbuzo kwaba namthelela muni empilweni kaThenjiwe? (1)

4.14 Ngokusho kukaMaMbatha uNondumiso ulubhebhethekisa kanjani udweshu phakathi kwabantu bakwaZungu nabakwaMondise? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

4.15 USipho wayengumngani othembekile kuThenjiwe. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

4.16 Phawula ngesigameko esiwuvuthondaba lwalo mdlalo. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

4.17 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi abasemzini banelungelo lokuphoqa umakoti ukuthi ahlale emzini noma engasekho lona ayeze ngaye? Sekela impendulo yakho. (2)

4.18 Qondanisa IKHOLOMU B neKHOLOMU A.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 4.18.1 uDumisani | A umngane kaThenjiwe |
| 4.18.2 uNondumiso | B ushadele kwaZungu |
| 4.18.3 uMaMbatha | C indodakazi kaMondise |
| 4.18.4 uSipho | D umfowabo kaSikhumbuzo |

(4 x 1) (4)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

## ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE

## IZINYEMBEZI ZOTHANDO – DBZ Ntuli (Umhleli)

Kulesi siqephu phendula YOMIBILI imibuzo: UMBUZO 5.1 NOMBUZO 5.2.

### UMBUZO 5

5.1 **'INGODUSO' – S Bhengu**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA I**

Ngihambe. Nankuya umfula uhaza laphaya. Sake safika sahlala kuwo naye uNokwazi sisanda kwakha isivumelwano. Kunesihlahla laphaya esasihleli ngaphansi kwaso, nakhu phela lalibasile, **likhipha umkhovu etsheni**. Ngiyalikhumbula lelo langa. Kwakungathi ngiyaphupha ngesikhathi engiphendula uNokwazi ethi yebo embuzweni engangimbuze wona ngathi; 'Uyavuma ukuba sishade?' Kwathi angindize, nakhu phela sasimbanga nezinsizwa eziningana ezazihlala khona lapha ngakubo. Ngiyojabula uma ngingabanga nalo ishwa lokuhlangana nazo ngoba lukhulu uchuku olungasuka. Ngabantu bezinduku phela laba bakule ndawo, abenqeni ukuthi uma behlangana nawe bengakwazi bakubuze ukuthi udishwaphi. Uma ungaqondi kahle ngalo mbuzo wabo, isikhwili siqhuma ezimbanjeni, indoda ikhale ngonina. Nokho nginethemba lokuthi ngeke ngihlangane nomuntu ozongibangela umsindo ngoba ngizophoqeka ukuba ngidonse izulu lezandla kumane kuchitheke gula linamasi. Phela nginguNgwane, angibhedelwa; noNokwazi uyakwazi lokho.

Ngehle njalo-ke ngize ngifike kulo mfula. Sengikhumbula enye indaba engayixoxelwa nguNokwazi uma ngimaqondana nawo umfula lo. Wangitshela ukuthi kunentokazi okuthi njalo uma sekuhlwile izowasha kule ndawo. Uthi kuthi uma uyikhulumisa, izithulele nje, kube sengathi ukhuluma wedwa okanye nesimungulu. Yize yena athi akakaze abe nenhlanhla yokuhlangana nayo, uma ngempela kuyinhlanhla, uyezwe labo asebeke bayibona ukuthi iyashesha nokuqhumisa impama uma uyinambuzela.

5.1.1 Ngeyakwabani le nsizwa engumxoxi/engumlandi kulesi siqephu osifundile? (1)

5.1.2 Yisiphi lesi sivumelwano umxoxi asakha noNokwazi? (1)

5.1.3 Yisiphi isizathu esenza le nsizwa ingafisi ukuhlangana nezinsizwa zakule ndawo? (2)

5.1.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo.

Isimo sokukhuluma esithi: '**likhipha umkhovu etsheni**' sisho ukuthi ... kakhulu.

A izulu liduma
B izulu lina
C ilanga lishisa
D izulu libanda (1)

5.1.5 Chaza isizathu esenza ukuthi kuze kuphele iminyaka emibili umxoxi wale ndaba engakaze ayivakashele ingoduso yakhe. (2)

5.1.6 Bhala amaphuzu AMABILI afakazela ukuthi umxoxi wale ndaba ungomunye wabalingiswa. (2)

5.1.7 Tomula ibinzana lamagama esiqeshini elisho okufanayo nelithi: 'Isibhamu' (1)

5.1.8 Yiziphi izigameko ezenzeka esiphethweni sale ndaba? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

5.1.9 Ukuba wawunguSipho wawuyokwenzenjani uma uzithola usenkingeni ayekuyo ekugcineni kwendaba? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

5.1.10 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi uSipho wethembekile kwezothando? Fakazela impendulo yakho. (2)

**KANYE**

5.2 **'MHLA LIDUMA LADUMA' – MJ Mngadi**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA J**

'Ayinanina yini ongayithulisa leyo ngane Mfowethu?' kwabuza intokazi thize eyayimi incike ngendlu yokulindela isitimela efomu. Nayo yayibukeka isohambeni njengoba eceleni kwayo kwakunemithwalo nje, ipotimende nesikhwama.

Eyibuka ngobabujabhile uLaduma wathi, 'Mntanomuntu, yindaba ende engingakuxoxela yona uma singahambisana.Usibona sinyembezana nje nomntanami uLaphazima, saliwe.'

'Mntanabantu, ngiyaxolisa ngokukwephula umoya. Nami ungibona ngincike ngezindonga esiteshini nje, ngizihambela ngezami izinsizi. Anginandlebe yokulalela izinhlupheko zomunye,' yasho bajabha ubuso bayo. 'Umntanami akananina ...'

'Hhayi bo!' Yavuka ngolaka intokazi. 'Uthe uma usuka lapho osuke khona wawuzitshela ukuthi unina uyomthola eNyukhasela yini? Awehlukane nami wena!'

Wazizwa ephoxekile uLaduma, wanyobozela wabuyela ekhompathimentini nengane nayo eyavele yathula nya, ngokuthethiswa kukayise. Wayibeka eceleni eseyisonge kahle ngewulisholi, wayesedumela isigingci ethi, 'Bakithi umlamuli munye,' wakhomba phezulu.

'Ngicela kesihlangane naye ngamazwi.' Wazibamba izintambo, washo ngezwi ehuba umculo wokholo. Wamlandela uMaNyambose. Emva kwesikhashana noNyandeni owayesaquviswe yindaba yencence wabhodla, wacula. Uma ungababonanga wawungafunga uthi kwakukhala ipuleti elithile labaculi bodumo. Zakhala futhi izinsimbi zibika ukuqhubeka kohambo lohazane.

Intokazi eyayikade ithethisa uLaduma yadonswa umculo yazethuka isingena ekhompathimentini ababekuyo. Yafaka imithwalo ngaphansi kwesihlalo eside esasinoLaduma, yahlala yazotha isonge izandla.

5.2.1 Le ntokazi yayimi kusiphi isiteshi sesitimela? (1)

5.2.2 Ngubani igama le nkosikazi kaLaduma? (1)

5.2.3 Yini eyayikhombisa ukuthi nayo le ntokazi yayihamba njengoba ilapha esiteshini nje? (2)

5.2.4 Kwakuyini usizi lwentokazi njengoba yayingenanhliziyo yokulalela izinkinga zikaLaduma? (2)

5.2.5 Bhala izizathu EZIMBILI ezashiwo nguLaduma ezenza angakwazi ukulahla imikhwintsho yengane yakhe. (2)

5.2.6 Le ndatshana yenzeka esikhathini samanje. Fakazela lesi sitatimende ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

5.2.7 Kwaba namthelela muni kuLaduma ukuba khona kukaNyandeni nomkakhe esitimeleni? (2)

5.2.8 Sifundo sini umbhali asinikeza sona ngale ndaba? (2)

5.2.9 Akukuhle ukuthi abantu basebenzise izingane ezincane uma benza ubugebengu. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**

## ISIQEPHU D: IZINKONDLO

### *AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA* – EJ Mhlanga no JJ Thwala

### UMBUZO 6

Kulesi siqephu uzophendula YOMIBILI imibuzo: UMBUZO 6.1 NOMBUZO 6.2.

6.1 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**Ngiyogiya Ngiqephuze – NL Luthuli**

Ngiyogiya ngiqephuze.
Ngihay' izibongo.
**Ngingqabashiye** ngihalalise ngokuqhashambula
Sengiphumelel' ukufez' ezeminyak' izifiso
Nezinhloso zami ngelokujaja ilanga.
Senginqwanjiswe umnqwamb' oqavile.
Sengiyikazel' iminyezane yakomfundo.

Ngiyogiya ngiqephuze.
Ngigiye ngiqephuze ngiqeketh' izindaba
Ngigiye ngilokoth' amagam' angalokothwayo
Alab' abayibekile induk' ebandla.
Abachathazil' emagulen' abo ezangqondo
'Ze ngiqwal' eqonsayo imimango.

Ngiyogiya ngiqephuze.
Ngigiye kuyiyize omame nezalukazi.
Besho bempongoloza ngamaphimbo emizwilili.
Usho mfo kaShandu ukuth' uyalazi leli
Bhobhodleyana lakoMshibe.
Usho liphekwe kweyakh' imbiza
Ugiye kanye nalo ngaphimbo linye
Ningqabashiye 'ze nakwabezay' ixoxw' indaba.

6.1.1 Yini lena eyojabulisa imbongi? (1)

6.1.2 Chaza umqondo osobala otholakala esigabeni sesi-2 ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

6.1.3 Nikeza igama elisenkondlweni elisho owesilisa osemncane. (1)

6.1.4 Tomula umugqa oyimpindwa kule nkondlo. (1)

6.1.5 Tomula umugqa enkondlweni ositshela ukuthi imbongi kuzoyithatha isikhathi eside ukuthi iphumelele. (1)

6.1.6 Bhala isizathu sembongi sokubiza isikhungo semfundo ephakeme ngembiza. (2)

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha
Pheqa ikhasi
KWAZULU-NATAL
M5

6.1.7 Yimuphi umyalezo owethulwa yimbongi ngale nkondlo? (2)

6.1.8 Le nkondlo inomoya wokujabula. Fakazela lesi sitatimende ngamaphuzu AMATHATHU ubhekise enkondlweni. (3)

6.1.9 Iqondeni imbongi ngala mazwi?

Besho bempongoloza ngamaphimbo emizwilili. (2)

6.1.10 Kungani imbongi isebenzise igama '**ngingqabashiye**' emgqeni wesi-3? (1)

**KANYE**

6.2 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**Lobu Bungani Ngiyabuhlonipha – PB Dlamini**

Lobu bungani ngiyabuhlonipha.
Ngiyabuhlonipha lobu bungani.
Bungani ngikubuke ngakugqolozela
Ngakugqolozela ngabona izimpawu,
Izimpawu ezenze ngakuhlonipha.
Ngikuhloniphe ngibuka indlela owakhiwe ngayo.

Isisekelo sakho siqine siyitshe
Size sibe yitshe nje kazi sakhiwe ngani
Ngisinge ngahlonga ngathola iqiniso
Sakhiwe ngothando neqiniso.

Uma kwehlela nihambe nibaningi nikhaphuzela
Kufikwe ethafeni bancipha ohamba nabo.
Kuqoshwe intaba sebeyidlanzana ohamba nabo.
Ufike esicongweni usuhamba nomngani weqiniso.
Bayazibuza abangani ukuthi yini imfihlo yakho.
Imfihlo yakho uQiniso uThembeka uNoluthando
Uma laba beke bashingila
Kumuka konke kuphele konke.
Kungumqansa ukubuyisa lezi zithandani
Maye itshe ukuzibuyisa.

Kufike izivunguvungu neziphepho
Kwawohloka konke ziphephetha zibhenguza
Amakloba omlilo nawo azizwe amandla
Izikhukhula nazo azizibekanga phansi.
Babaleke bonke bashiya isithunzi
Wama wasala wazimelela waqinisela.
Lobu bungani buphonswe emlilweni basha
Babuke bathi iphelile indaba kanti lutho.
Buphume emlilweni bacwebezela kakhulu kunakuqala
Buphume sebuqine buyinsimbi.

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

Pheqa ikhasi

Kufike ubusika nongqoqwane
Kuzithemba okungonkunzimalanga
Kuneqiniso lokuthi buzoqeda lobu bungani.
Phinde wehlulekile siqhwaga ndini.
Ugadle kulobu bungani **washaya umoya**.
Kubonakale ukuthi buqinile lobu bungani.
Akulula ukububhidliza ngenxa yesisekelo sabo
Kufike wena kugula, kwafika wena zinsizi lutho.
Kwafika wena manga lutho.
Wema mthakathi wezindaba
Wagoloza wazigqolozela izitha zakho.
Zasangana zingazi ukuthi zizokwenzenjani
Bungani ngiyakuhlonipha.

Awudle ngazimanga namsindo
Awupigogo awunontandakubukwa.
Uthobile uphansi udle ngezithelo
Zimnandi ziyadleka zehla esiphundu,
Ugadla ngeqiniso kuzwakale endodeni
Ubhubhise izizwe enhla nasezansi.
Zazibuza ukuthi kwakubungani buni lobu
Zikulandele zakuhogela lutho iphunga,
Iphunga alikho ayiphathwa impukane eluhlaza lutho.
Abanye babubuke lobu bungani babuhalela banomona
Badideka bagcina bekhuluma izinyoni zabo.

Uthele **izithelo** zasuthisa abalambile
Abaningi badle basutha ubafunza ngenkani
Ubafunze maqede **banonophala**.
Banonophaliswa nguwe bungani bansondo
Usuthise nalabo ababethi awuphili
Bekucekela phansi ngenxa yomona.
Abaningi bebekuhalela kodwa wahambela nxanye
Kuhle kwelanga lasebusika
Lobu bungani ngingepheze ukubuhlonipha.

6.2.1 Nikeza izinto EZIMBILI ezibalwe esigabeni sesi-3 ezenza isisekelo salobu bungani buqine. (2)

6.2.2 Tomula umugqa oqukethe isifenqo esiyisingathekiso esitanzeni sesi-3. (2)

6.2.3 Yiziphi izinto EZINTATHU ezisenkondlweni ezike zazama ukuphazamisa lobu bungani. Bhekisa esigabeni sesi-4? (3)

6.2.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo.

Isimo sokukhuluma esithi: 'Ugadle kulobu bungani **washaya umoya**' sisho ukuthi:

A Ukushaya emhlolweni.
B Ukushaya esentwala.
C Ukushaya eceleni.
D Ukushaya ekhanda. (1)

6.2.5 Hlobo luni lokuxhumana olutholakala emishweni elandelayo?

'Lobu bungani **ngiyabuhlonipha**
**Ngiyabuhlonipha** lobu bungani.' (2)

6.2.6 Tomula umugqa oqukethe igama lesilwane esiziqhenyayo esitholakala enkondlweni esigabeni sesi-6. (2)

6.2.7 Bhala imigqa enemvumelwano siqalo etholakala esigabeni sesi-6 bese udwebela amalunga/imisindo evumelanayo. (2)

6.2.8 Phawula ngokukhethwa/ngokusetshenziswa kwala magama alandelayo esigabeni sokugcina, usho ukuthi imbongi yayiqondeni ngawo.

(a) Izithelo (2)

(b) Ukunonophala (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**

